BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

www.btnews.co.za • 31 July 2026

DeComms
Painting Services
• Residential & Commercial
• Paint & Stain Finishes
• Skimming
• Deck Finishing & Maintenance
Contact number: 072 284 1191
Email: mazoemt@gmail.com

# Kuthathwe isinyathelo esisha ngenkinga yezidakamizwa eMlazi

**Thubelihle Khumalo**

SEKUVELE izibalo ezishaqisayo ezitshengisa ukuthi izingane zaseMlazi ziqala ukusebenzisa izidakamizwa ezehlukene zisaneminyaka elishumi kuphela, okuyinto esikhuthaze abezinhlaka ezehlukene ukuba behlanganyele ndawonye ekutholeni izisombululo zale nkinga.

Ucwaningo olwenziwe Umlazi Surveillance Initiative to Nurture Grassroots Action (USINGA), lutshengise ukuthi ingxenye enkulu yentsha ephakathi kweminyaka engevile kwengu-24 iqala ukusebenzisa izidakamizwa iseneminyaka elishumi kuya kwengu-14.

Ingxenye enkulu yalezi zibalo iqala ngezidakamizwa ezitholakala kalula njengogwayi notshwala, emva kwalokho bese yedlulela kwizidakamizwa ezinzima. Kungaba ngenxa yokutholakala kwazo kalula okanye ngenxa yokubonela kwabalandela emva kwabo.

Lokhu kuvezwe uDkt Nompumelelo Nzimande waseNyuvesi yaKwaZulu-Natal (UKZN) osebenzisana ne-USINGA njengoba lezi zinhlaka ngokuhlanganyela bezenza ucwaningo ngezidakamizwa kuleli lokishi.

Izibalo zivezwe emcimbini wokwethula umbimbi lokulwa nezidakamizwa muva nje.

Kwinkulumo ekhethekile uNzimande abe nayo neBT News emcimbini obuseMangosuthu University of Technology (MUT), uveze ukuthi izidakamizwa ziba nemthelela ehlukile ezinganeni njengoba kukuningi okumele zidlule kukho ngokuguququguquka kwemizimba yazo.

"Izibalo zaseMlazi ziyashaqisa njengoba bubuningi ubungozi obuhambisana nokusebenzisa izidakamizwa. Ukuzinikela kwezingane kuzo kusho ukuthi kuningi ukungafundiseki emphakathini ngoba abantu abadala ibona okumele bekhuze esikhundleni sokunika izingane izidakamizwa," Nzimande.



Injabulo kwizifundiswa, abezinhlangano nabaholi bomphakathi, kanye nabezinhlaka zikahulumeni kwethulwa uhlelo lokulwisana nenkinga yezidakamizwa iDrug-Free and Resilient Umlazi Community

Lolu cwaningo luholele ekutheni kugcine kusungulwa umbimbi oluhlanganisa iMUT, UKZN, USINGA, Hope Revoluton Vision, K2K Family, Phathokuhle Youth Organisation, Umkhangu Youth Organisation, SAPS Bhekithemba, Centre for Community Development SA (CCDSA), nabanye, behlanganyele ndawonye.

Lo mfelandawoye uholele ekusayinweni kwesibopho sokuba zonke izinqumo ezinqunywayo nezinhlelo okuvunyelwana ngazo zisatshalaliswe kuzo zonke izinkalo zaseMlazi ngenhloso yokuthi konke okwenziwayo kusetshenziswe nakwezinye izindawo ezinenkinga yezidakamizwa.

UMnuz Siphiwe Sokhulu osevule inhlangano iLiberty Youth Empowerment kulandela ukuboshwa iminyaka engaphezu kuka-15, uthe akangabazi ukuthi impilo yakhe yayingahamba ngenye indlela ukube akazibandakanyanga kwizidakamizwa esemncane.

"Izidakamizwa zikuholela ekwenzeni izinto ezingalungile ngaphandle kokucabanga ngemiphumela. Ngalahlekelwa ikusasa ngoba akekho owayeseduze kwami engiluleka ngempilo. Ngisungule le nhlangano ngoba ngifisa ukuphephisa izimpilo zabeza emva kwami," kusho uSokhulu.

UMnuz Lucky Ndlovu weSouth African Network of People who Use Drugs (SANPUD), yena ufike nokwehlukile okukhuthaze ukuba kwesekwe abasebenzisa izidakamizwa. Ugxeke ukuboshwa kwabatholwa nezidakamizwa abazisebenzisayo, wathi kumele betholelwe usizo esikhundleni sakho.

"Kusetshenziswa imali eningi ukubanakekela sebesemajele esikhundleni sokubatholela usizo besatholwa nezidakamizwa. Okudumaza kakhulu ukuthi ukuboshwa kwabo kubaholela kuzo izidakamizwa uma sebededelwe ngoba ababe besakwazi ukuqasheka emva kokuboshwa," kusho USolwazi Busisiwe Nkonki-Mandleni weCommunity Engagement and Development Directorate (CEAD) eMUT, uthe inyuvesi ikubone kusemqoka ukubambisana nabezinhlaka ezehlukene eMlazi ngoba ilandela izifungo ezenziwa emphakathini waseMlazi.

"Njengenyuvesi sizibophezele ekubeni ingxenye ebalulekile emphakathini waseMlazi. Siyayiqonda inkinga yezidakamizwa kuleli lokishi, yingakho sihlanganyele ndawonye nabezinhlaka ezehlukene ukuthola izisombululo zayo," kusho uNkonki-Mandleni.

MOSTERT PEST CONTROL
For safe and effective pest control, fumigation, disinfecting, sanitizing & fogging services

Fleas
Weed Control
Fish Moths
Wood Borers
Bees & Spiders
Termites
Rodents
Ants
Bed Bugs
Cockroaches

We service:
• Offices & Malls
• Residential
• Clinics & Medical centres
• Warehouse
• School & Universities
• Restaurants
• Public Transport

GUARANTEE QUALITY GUARANTEE

FREE QUOTATION
Contact Monica on
072 284 1191
or email
dbn@mostertpestcontrol.co.za
www.mostertpestcontrol.co.za

ABC GR Grassroots CERTIFIED PRINT RUN | AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS | Press Council FAIR



BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
- Facebook: BTNews Iphephandaba Lomphakathi
- Instagram: btnews2026
- Email: btnewsbookings@gmail.com
- Website: www.btnews.co.za



# Kukhuthazwa amadoda ukuba ehambe phambili ekwakheni imindeni nemiphakathi ephephile

Thubelihle Khumalo



UKhansela Thabani Nyawose onguSomlomo woMkhandlu weTheku ethula inkulumo kwimbizo yamadoda ngezinkinga ezidalwa ukungaziphathi kahle ebibanjelwe ehholo lomphakathi lakwa-M, eMlazi

AMADODA aseMlazi asevumelane ngo-elethu ukuthi kumele eshintshe indlela aziphatha ngayo ukuze ezoba izibonelo ezinhle ezinganeni zabafana, kuphinde kube iwona aba abavikeli bomphakathi kwizinto ezingalungile, ikakhulukazi eziphambene nomthetho.

Muva nje ebehlanganyele ndawonye ehholo lomphakathi lapho bekuhlelwe khona Isithangami Samadoda ngenhloso yokuba ehlanganise amakhanda ekunqandeni inkinga esidla lubi eMlazi yodlame olubhekiswe ezinganeni nakubantu besifazane.

Kulo mhlangano obuhlelwe uKhansela Bheki Mngwengwe waku-ward 83, amadoda avulelwe ithuba lokuba ekhulume ngezinkinga abhekene nazo, enxuswa ukuba athathe indawo yawo ekuholeni imindeni, ukwakha umphakathi ophephile, nasekulweni nobugebengu.

Umhlangano ubuhanjelwe uSomlomo woMkhandlu weTheku uKhansela Thabani Nyawose, obeyisikhulumi sosuku. Uhlanganise amadoda omphakathi, abaholi bendabuko, izinhlaka zomphakathi kanye nabanye ababambe iqhaza ukuze baxoxe ngezinkinga ezithinta amadoda, okubalwa kuzo ukungasebenzi, ingcindezi yempilo, kanye nokwakhiwa kwemindeni eqinile.

Ekhuluma kulo mcimbi, uMngwengwe uthe imihlangano yamadoda akumele igcine ngokuba isikhathi sokuxhawulana nokukhumbuzana izinto esezadlula, kodwa kufanele ibe yisikhathi sokuzihlola nokufuna izixazululo ezizokwakha umphakathi ongcono.

"Sihlangene lapha ngoba sifuna amadoda akwazi ukukhuluma ngobunzima ababhekene nabo futhi athole izixazululo. Umphakathi udinga amadoda azoba obaba, abeluleki nabaholi abahola ngesibonelo.

Uma amadoda eqinile, imndeni nemiphakathi izoba namandla," kusho uMngwengwe.

Kulo mhlangano kuvele ukuthi amadoda amaningi abhekana nokuhlukunyezwa kanye nengcindezi emakhaya, ikakhulukazi uma engasebenzi, kodwa avame ukuthula aze afike ezingeni lapho izinkinga sezibhebhetheke khona.

Omunye wezikhulumi uMnuz Paul Nzimande, unxuse amadoda ukuba aphule ukuthula futhi akhulume ngezinkinga ezibhekene nawo ngaphambi kokuba ziguquke zibe yinhlekelele. Uthe kumele kuphinde kuphele nezinkoleloze ngobudoda nendlela indoda okumele iziphathe ngayo.

"Amadoda amaningi athwala ubuhlungu bawo isikhathi eside engakhulumi. Kugcina sekufika usuku lapho enza khona isenzo esibi, bese ethi kwavele kwamnyama emehlweni. Kumele sifundisane ukuthi ukukhuluma akusho ubuthakathaka, kodwa kuwukuqala kokwelapheka,* kusho uNzimande.

UNzimande uphinde wagcizelela ukuthi ubuholi bendoda kufanele buhambisane nothando. "Indoda mayibe nomthetho, kodwa ube nonothando. Uthando olungenawo umthetho ludala isiphithiphithi, kanti umthetho ongenalo uthando uba nonya. Imindeni idinga obaba abahola ngothando, inhlonipho, nokuziphatha okuhle," esho.

UMngwengwe unxuse amadoda ukuba angagcini ngokuxoxa kuphela kodwa aphendule amazwi abe yizenzo ngokuzibandakanya ezinhlakeni zobuholi, emihlanganweni yezokuphepha, nakwizinhlelo ezehlukene zokuthuthukisa umphakathi.

"Isikhathi sesifikile sokuthi amadoda asukume athathe indawo yawo ekuholeni umphakathi. Asibuyeleni ezinhlakeni zomphakathi, sibambe iqhaza emihlanganweni, sisebenzele ukwakha imiphakathi ephephile. Asikwazi ukuqhubeka sivumela uMlazi ukuba waziwe ngezinto ezingalungile," kusho uMngwengwe.

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: btnewsbookings@gmail.com

**Contact No:** 063 421 3035

**www.btnews.co.za**

CONTACT BT NEWS NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

Email: btnewsbookings@gmail.com



Send us a WhatsApp to subscribe and receive the newspaper via WhatsApp 063 421 3035

# Selidumela emansumpeni ngokhetho lohulumeni basekhaya kuleli

**Thubelihle Khumalo**

SEKUSONDELA ekupheleni nya kwezinsuku zokuba ingxenye yekusasa lohulumeni basekhaya njengoba i-Independent Electoral Commission (IEC) isibheke usuku lokugcina lokuhlolwa kwemininingwane nokubhaliswa kwabavoti abasha abazoba ingxenye yokhetho lwangoNovemba.

Lolu khetho lubaluleke kakhulu ekufezweni inqubo yentandoyeningi noMthethosisekelo wezwe njengoba ohulumeni basekhaya kuyibo abahamba phambili ekuhanjisweni kwezidingongqangi emphakathini, ikakhulukazi leyo ethuthukayo ngenxa yokuncisheka amathuba enkathini edlule.

Kwinkulomo ekhethekile neBT News, uNks Lindiwe Nzuza osebenzela i-IEC kwisifunda saseMlazi, uveze ukuthi abantu abashintshe izikhungo zokuvota nabavota okokuqala ngeke besalithola ithuba lokulandelela ukugunyazeka kwabo kokuvota ngemuva kwesonto lokuqala lika-Ogasti.




UNks Lindiwe Nzunza we-Independent Electoral Commission (IEC) eMlazi ukhuthaza ukuvikelwa koMthethosisekelo wezwe ngokuba ingxenye yokhetho lohulumeni basekhaya

"Kugcinwa emva komhlaka-2 Ogasti ukuqinisekisa imininingwane. Sivuleleke kwabazohlola nabazobhalisa okokuqala. Asikhumbule ukuthi awukwazi ukuya kwisikhungo sokuvota ngaphambi kokuqinisekisa ukuthi ukwisimo esifanele sokuvota," kusho uMshazi.

Uthe abavoti kumele bekhumbule ukuthi akuzona zonke izikhungo zokuvota abavumeleke kuzo, uvota kuphela kuleso obhaliselwe ukuvota kuso. Uzwakalise indumalo enkulu ngokwehla kwesibalo sabantu abasha abavitile okhethweni olwedlule.

"Njenge-IEC sikhathazekile ngokuthi u-45% kuphela wentsha evote okhethweni lukazwelonke olwedlule. Kulolu oluzayo sizama ukwenyusa izibalo ngokukhumbuza intsha ukuthi ukuvota kuyingxenye ebalulekile ekuvikeleni ikusasa lakho," kusho uNzuza.

Uveze ukuthi ukubhalisela ukhetho nokuba ingxenye yokhetho kumahhala-hha, futhi bonke abantu abaya ezikhungweni zokuvota baphathwa ngendlela ehloniphekile njengokusho kweconstitution of 1996. Uthe akangabazi ukuthi lolu khetho luzohamba kahle.

Kwizingxoxo eziqoshiwe i-IEC eyaba nazo neBT News, i-IEC iveze ukuthi nakuba intsha iyingxenye ebalulekile ekuthuthukiseni inkululeko, kepha okuningi ngeke kufezeke ngaphandle kokuba intsha ihambe phambili kwizinhlelo zokuthathwa kwezinqumo zekusasa lezwe.

KwaZulu-Natal alinganiselwa ku-900 ama-ward azobe evotelwa kulolu khetho lohulumeni basekhaya. Kulindeleke ukuba abezinhlangano zepolitiki babambisane ekuqinisekiseni ubunjalo nobulungiswa bemiphumela njengoba zonke izinhlangano zikhuluma ngokuvikelwa kwentandoyeningi.

UMnuz Sithembiso Ngema weDemocratic Alliance (DA), uthe abahlali kumele besebenzise ukhetho ukufuna izimpendulo kubaholi abangenzi kahle. UMnuz James Nxumalo onguMdidiyeli we-African National Congress (ANC) KwaZulu-Natal, uthe kumele kubekwe izidingo zabantu phambili.

UMnuz Mazwi Blose we-Economic Freedom Fighters (EFF), uthe abaholi bezinhlangano zezombusazwe kumele behambe phambili ekukhuthazeni ukhetho olunokuthula nolunobulungiswa, beqinisekise ukuthi akukho okuphambene nomthetho okwenzekayo.

# Luhlose ukuletha ushintsho kumabhizinisi amancane olukaMasipala weTheku

**Thubelihle Khumalo**

UHLELO lukaMasipala weTheku lokubhalisa amabhizinisi asemkhakheni wonobuhle (beauty and hair salon) luyaqhubeka nokuthola ukwesekwa okukhulu njengoba sebengaphezu kuka-1 000 abanikazi bamabhizinisi ababe ingxenye yalo kusukela lwethulwa okokuqala eMlazi.

Lolu hlelo luhlose ukwenza lo mkhakha usebenze ngokusemthethweni, ukhuthaze ukuhambisana nemithetho, uphinde uvulele amabhizinisi amathuba amasha okudlondlobala. Luqhutshwa ngaphansi kwesiqubulo esithi Compliance support and registration.

Luyingxenye yemizamo kamasipala yokuqinisekisa ukuthi osomabhizinisi abancane ababhekani nobunzima ngenxa yokungenzi kahle ngokulandela iBusiness Licensing By-law eyaphasa emkhandlwini ngo-2024, yaqala ukusebenza ngo-2025.

Ngokwesitatimende umasipala osithumele kwabezindaba, lolu hlelo luhlose ukutshengisa abasebenza ngaphansi kwalo mkhakha ukubaluleka kwabo emnothweni wedolobha. Emhlanganweni obuseMlazi babe ngaphezu kuka-600 osomabhizinisi ababe ingxenye yalo.

Bathole ulwazi ngezidingo zamalayisensi, ukuphathwa nokusetshenziswa komhlaba, ezempilo, ukuvikelwa kwemvelo, ukuphepha emlilweni, ukuphathwa kwemfucuza, imithetho yabadayisi abasemnothweni ongavikelekile, kanye nezinhlelo zokweseka amabhizinisi.

Abezinkampani zoxhasomali kanye neDurban Chamber of Commerce and Industry nabo banikeze osomabhizinisi ulwazi ngamathuba oxhaso abangahlomula kuwo, kwaphinde kwasizwa osomabhizinisi ngokuvula ama-akhawnti amabhizinisi emabhange.

USihlalo weKomidi lokuHlelwa nokuThuthukiswa koMnotho kumasipala uKhansela Thembo Ntuli, uthe lolu hlelo luyisinyathelo esibalulekile ekuqiniseni omunye wemikhakha yomnotho engavikelekile kodwa ekhula ngesivinini eThekwini.

"Umkhakha wonobuhle ubambe iqhaza elikhulu ekudaleni amathuba emisebenzi, ukukhuthaza osomabhizinisi kanye nokunika amandla abesifazane nabantu abasha.



Osomabhizinisi abancane abasemkhakheni wonobuhle bathole ithuba lokuncela ulwazi ngamabhizinisi, bedlulisa iziphakamiso nezikhalo zabo kuMasipala weTheku njengoba kusaqhutshwa iHair and Beauty Salon Businesses Registration programme.



# Asimile Siyaqhuba – iminyaka emihlanu yentuthuko ekuqinisekeni ukutholakala kwamanzi asezingeni eliphezulu

UKUQINISEKA kokuthi izakhamuzi namabhizinisi zithola amanzi ngaphandle kokuphazamiseka kuhlala kuyinto ebaluleke kakhulu kuMasipala waseThekwini.

Ngokwenza utshalomali olukhulu kwingqalasizinda kanye nokuthatha izinqumo ezibalulekile zoMkhandlu, uMnyango Wezinsiza Zamanzi Nezokuthuthwa Kwendle usebenze ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi ompompi bayaqhubeka nokugeleza.

Le mizamo eguqule indlela yokulethwa kwezinsiza ngesikhathi sokuphatha sango-2021 kuya ku-2026 igqanyiswa emkhankasweni kaMasipala waseThekwini weminyaka emihlanu wezimpumelelo zokulethwa kwezinsiza ngaphansi kwendikimba ethi "Asimile Siyaqhuba: Ukuqina Naphezu Kwezinselelo."

Njalo ngeSonto, uMasipala uzobe wethula kule ngosi izimpumelelo ezifezwe yiminyango, amagatsha kanye nezinhlaka zawo ezahlukene, ukukhombisa intuthuko eyenziwe ekuthuthukiseni izimpilo zabahlali eminyakeni emihlanu edlule.

Kuleli sonto kugxilwe emsebenzini woMnyango Wezinsiza Zamanzi Nezokuthuthwa Kwendle.



## AMADAMU OKUGCINA AMANZI ASE-ADAMS K5 NO-K6

UMnyango Wezinsiza Zamanzi uqede ngempumelelo ukuthuthukiswa kwamadamu okugcina amanzi ase-Adams K5 no-K6 ngo-2022 ngenhloso yokwandisa umthamo wokugcina amanzi ezindaweni zase-Adams Mission ezingaphansi kwamaWadi 67 no-96.

Idamu lase-Adams K5 landiswe lisuka kumamegalitha amabili (2 ML) layofinyelela kumamegalitha ayisithupha (6 ML) ngokwakhiwa kwesigaba esisha esinomthamo wamamegalitha amane (4 ML) endaweni yedamu elikhona.

Ngokufanayo, idamu lase-Adams K6 nalo lathuthukiswa kakhulu, kwakhuphuka umthamo walo usuka kumamegalitha amabili (2 ML) waya kwangu-10 ML.

## IDAMU LASESHONGWENI

Ngo-2023, uMasipala waqala ukusebenza ngokusemthethweni kweDamu laseShongweni, okwandise kakhulu amandla okugcina amanzi emiphakathini elitholayo.

Leli damu linomthamo wokugcina amanzi ongamamegalitha ayisithupha (6 ML).

## ISIKHUNGO SOKUHLANZA AMANZI SASEMKHIZWANA

Isikhungo Sokuhlanza Amanzi saseMkhizwana sathuthukiswa, kwakhuphuka amandla aso okukhiqiza amanzi asuka ku-1.5 ML ngosuku aya ku-4 ML ngosuku.

## ISIKHUNGO SOKUHLANZA AMANZI ANGCOLILE SASENYAKATHO

Umsebenzi wokubuyisela esimweni Isikhungo Sokuhlanza Amanzi Angcolile saseNyakatho uqhubeka kahle, kanti sekubonakala ukuthuthuka okukhulu kwizinga lamanzi ahlanziwe akhishwa esikhungweni.

Amaqembu ochwepheshe asezinzise ukusebenza kwalesi sikhungo, esesifinyelele ezingeni lokuhambisana nezindinganiso zekhwalithi yamanzi angaphezu kwamaphesenti angu-80.

## IZIKHUNGO ZOKUHLANZA AMANZI ANGCOLILE ZASEUMBILO NASEKWANDENGEZI

Kuyaqhubeka umsebenzi wokulungisa nokuvuselela Izikhungo Zokuhlanza Amanzi Angcolile zase-Umbilo naseKwaNdengezi.

Lezi zikhungo ziphakathi kwengqalasizinda yezokuthuthwa kwendle eyalimala kakhulu ngesikhathi sezikhukhula ezedlule, okwadala umonakalo ezingxenyeni zemishini, zikagesi kanye nezokwakha.

Ukufakwa kwamapayipi amanzi ezikhukhula (stormwater pipelines) ukuze kuthuthukiswe ukuphathwa kwamanzi kulezi zikhungo zombili nako kuyaqhubeka kahle.

## ISITESHI SOKUMPOMPA AMANZI SASENTUZUMA

Isiteshi Sokumpompa Amanzi saseNtuzuma saqalwa kabusha ukusebenza ngoZibandlela (Disemba) wonyaka odlule.

Lokhu kuthuthukiswa kufake ukuvuselelwa kwezingxenye zemishini nezikagesi, okwandise ukusebenza nokwethembeka kwalesi siteshi.

Manje sesinezimpompo ezingu-15, okuhlanganisa nezokubekela eceleni, ubuchwepheshe obusebenza kahle kakhulu, izinhlelo zokulawula ezizenzakalelayo kanye nezinhlelo zokuqapha ukusebenza ngesikhathi sangempela.

## ISITESHI SOKUMPOMPA AMANZI ANGCOLILE SASEUMDLOTI

UMnyango Wezinsiza Zamanzi Nezokuthuthwa Kwendle usuqede umsebenzi obalulekile wokulungisa nokubuyisela esimweni Isiteshi Sokumpompa Amanzi Angcolile sase-uMdloti.

Lesi siteshi sifakelwe izimpompo ezimbili ezintsha.

## IPHROJEKTHI YOKWANDISA IPHAYIPHU ELIKHULU LAMANZI LASENYAKATHO

Ukuhlangabezana nesidingo esiqhubeka sikhula enyakatho yeTheku, uMasipala uqede futhi waqala ukusebenza ngamaphrojekthi amabili amakhulu engqalasizinda, okuwukwakhiwa kwepayiphu elisha elikhulu lokwengeza ukuhlinzekwa kwamanzi eNyakatho (Northern Aqueduct Augmentation Pipeline) kanye nokwakhiwa kwepayiphu lamanzi elingu-600mm ukusuka eHazelmere kuya eGrange Reservoir.

## IBHULOHO LAMAPAYIPHU NABAHAMBA NGEZINYAWO ELASECANELANDS

UMasipala uvuselele iBhuloho Lamapayiphu Nabahamba Ngezinyawo laseCanelands, okuqinisekisa ukuthi izakhamuzi zaseVerulam ziqhubeka nokuthola izinsiza ngaphandle kokuphazamiseka.

Abezindaba bayanxuswa ukuthi baqhubeke nokulandela izinhlelo zikaMasipala ezishicilelwa njalo ngeSonto, eziveza impumelelo ebalulekile kanye nezinyathelo ezinkulu ekulethweni kwezinsiza ezifinyelelwe eThekwini eminyakeni emihlanu edlule. Lo mkhankaso uyatholakala futhi kuzo zonke izinkundla zokuxhumana ezisemthethweni zoMasipala.

---

# Amaphoyisa kaMasipala weTheku agasele amabhizinisi aseS'phingo eqhuba umkhankaso wokugcinwa komthetho



Caption

Njengengxenye yokuzibophezela okuqhubekayo ekuqinisekiseni ukuthi imithetho kaMasipala nemigomo iyalandelwa, uPhiko Lwamaphoyisa eTheku (Durban Metropolitan Police Service) kuleli sonto luqhube uchungechunge lwemikhankaso ehlanganisiwe yokuphoqelela umthetho endaweni yaseSiphingo.

Le mikhankaso ibigxile ekuhloleni ukuthotshelwa kwemithetho ngamabhizinisi, ukuphoqelelwa kwemithetho yomgwaqo, kanye nokumisa nokusesha abantu nezimoto ngenhloso yokuthuthukisa ukuphepha komphakathi nokugcina ukuhleleka.

Ukuhlolwa kwamabhizinisi kuholele ekuvalweni kwebhizinisi elilodwa ebelisebenza ngaphandle kwelayisensi esemthethweni yokwenza ibhizinisi.

Abahloli baphinde bathatha bacekela phansi impahla ephelelwe yisikhathi etholakale kulelo bhizinisi.

Sekukonke kukhishwe amacala angama-23 ngaphansi kwemithetho kaMasipala, okuhlanganisa:

Icala elilodwa lokusebenza ngaphandle kwelayisensi yebhizinisi.

Icala elilodwa lokungabi nesivumelwano sokususwa kwemfucuza.

Izaziso ezingama-21 zokusebenzisa izindawo zokuma zamatekisi ezingagunyaziwe.

Imikhankaso yokuphoqelela imithetho yomgwaqo iholele ekukhishweni kwamacala angama-39 ahlobene nokwephulwa kwemithetho yomgwaqo. Lokhu kubandakanya:

Amacala angama-20 okuvimba indlela. Amacala amahlanu okupaka ezindleleni zabahamba ngezinyawo.

Amacala amahlanu ahlobene nezimoto ezingabhalisiwe ngokusemthethweni.

Amacala ayisishiyagalombili okupaka imoto ibheke izimoto ezisondelayo.

Icala elilodwa lokwehluleka ukulandela umyalelo osemthethweni wephoyisa.

Njengengxenye yomkhankaso wokuhlanza indawo, amaphoyisa adilize izakhiwo ezintathu ezingekho emthethweni futhi asusa amaphalethi angama-51, amabhokisi ekhadibhodi angama-89 kanye nezingcezu zokhuni ezingama-326.

Kuphinde kwasuswa abantu abayisithupha abebehlala emigwaqweni njengengxenye yemizamo yokubuyisela ukuhleleka nokwenza izindawo zomphakathi zihlanzeke kangcono.

ETHEKWINI MUNICIPALITY

# IThekutalks

KEEPING YOU IN THE KNOW

BY 2030 ETHEKWINI WILL BE AFRICA'S MOST CARING AND LIVEABLE CITY

# Kwethulwe ibhuloho nomgwaqo kukaR71M

**ESILINDILE CELE NO SIMPHIWE DLAMINI**



**Lethulwe ngenkulu injabulo ibhuloho likaR71 million elihambisana nomgwaqo, iBlundell Bridge, elivulwe ngokusemthethweni yiMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, nobuholi bukaMasipala obuphezulu ngomhla ka-15 Julayi.** Isithombe: THULI DLAMINI

BEKUYINJABULO yodwa kumalungu omphakathi ngesikhathi iMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, yethula ngokusemthethweni ibhuloho iBlundell Bridge nomgwaqo, okubize uR71 million, ngomhla ka-15 Julayi. Le ngqalasizinda yacekelwa phansi yizikhukhula zango-2022.

Lolu hlelo lwengqalasizinda, oluthole imiklomelo eminingi, lusiza ukuxhumanisa kangcono imigwaqo yaseningizimu yeTheku nokuxhumanisa imiphakathi yaseShallcross naseQueensburgh.

UMeya uXaba uthe iBlundell Bridge nalo mgwaqo ngolunye lwezinhlelo eziningi zengqalasizinda evuselelwe wuMasipala ngoxhaso lwezinhlekelele lukazwelonke. Wengeze ngokuthi uMasipala usuzibophezele ekuqinisekiseni ukuthi yonke ingqalasizinda eyakhiwa kabusha ihambisana nemigomo yezobunjiniyela yesimanje.

"Sizokwenza isiqiniseko sokuthi yonke ingqalasizinda iyakwazi ukumelana nezikhukhula zesikhathi esizayo nezinye izimo zezulu ezimbi. Sakha ingqalasizinda ekwaziyo ukumelana nesimo sezulu. Leli bhuloho lakhiwe ngendlela ezolenza likwazi ukumelana neziphepho ezinzima," kusho uMeya uXaba.

Indawo yokuwela endala ibingeyinhle njengoba ibincane, ingenazo izindawo zahamba ngezinyawo futhi ingenazo izingxenye zokuphepha zesimanje. Obekukhathaza kakhulu wukuthi bekulula ukuba lithinteke ezikhukhuleni.

Ingqalasizinda entsha inomgwaqo osanda kwakhiwa ocishe ube wu-450 wamamitha. Leli bhuloho lingamamitha awu-90 ubude, amamitha awu-14 ububanzi futhi lihlanganisa imizila emibili ephelele yezimoto, nezindawo zokuhamba ngezinyawo eziphephile.

Lizothuthukisa ukuphepha emgwaqweni, linciphise ukuphazamiseka kokuhamba uma kunemvula, lisize ekutheni izimoto zihambe kangcono nabahamba ngezinyawo bafinyelele ngendlela ephephile lapho beya khona. Lizokwenza nezokuthutha zikwazi ukubhekana kangcono nezimo ezinzima eminyakeni eminingi ezayo, lisize nabezimo eziphuthumayo bafinyelele kangcono lapho bedingeka khona.

Ngaphezu kwalokho, leli bhuloho liphakanyiswe laba phezulu kunamazinga osekuke kwafinyelela kuwona izikhukhula, okunciphisa ubungozi bokuthi amanzi enyuke aze afike phezu kwalo ibhuloho ngesikhathi semvula enamandla.

UMeya uXaba ushayele ihlombe uPhiko lwezobuNjiniyela kuMasipala ngokuzinikela kwalo kulolu hlelo kusukela ekuqaleni kuze kube sekupheleni.

"Ngokwenza lo msebenzi ngabasebenzi bethu bangaphakathi, asigcinanga ngokusheshisa ukuphothulwa kwawo cishe ngeminyaka emibili, kodwa siphinde songa imali elinganiselwa kuR10 million ezindlekweni zemisebenzi yobuchwepheshe. Lolu hlelo luphothulwe eminyakeni emibili nengxenye. Umphakathi ubambe iqhaza engxenyeni engamaphesenti awu-30 njengoba cishe uR19 million wabelwe izinkampani zendawo. Lolu hlelo lwakhe amathuba omsebenzi kubantu abalinganiselwa ku-20 ngenyanga esikhathini esiyizinyanga eziwu-16," kuphetha uMeya uXaba.

# *u-R63.5 wesiteshi esisha sezicimamlilo eJacobs*

**SANE SHANDU**

UKUZIBOPHEZELA kukaMasipala weTheku ekuqiniseni imisebenzi yawo yokubhekana nezimo eziphuthumayo sekuphinde kwagqama ngemuva kokuba kwabiwe uR63.5 million wokubhidliza nokwakha kabusha isiteshi sezicishamlilo saseJacobs. Lesi sikhungo esibalulekile kulindeleke ukuba sithuthukise indlela okubhekwana ngayo nezimo eziphuthumayo kulo mphakathi nasezindaweni ezingomakhelwane.

Le ntuthuko iyingxenye yemizamo eqhubekayo yoPhiko lweziCishamlilo lukaMasipala yokuqinisekisa ukuthi abasebenzi bezicishamlilo bahlonyiswa ngezikhungo zesimanje, eziphephile, nezifanelekile ukuze bavikele kangcono impilo nempahla.

Isiteshi saseJacobs esikhona njengamanje siye savalwa ngemuva kokuba sihloliwe, kwatholakala ukuthi isakhiwo asisekho esimweni esihle, asiphephile, futhi asisahambisani nemithetho yezokwakha.

Olunye uphenyo luveze ukuthi ukulungiswa kabusha kwalesi sikhungo ngeke kube yisisombululo esisebenzayo futhi ngeke konge izimali, okuholele esinqumweni sokuba kwakhiwe kabusha.

UMqondisi woPhiko lweziCishamlilo, u-Enock Mchunu, uthe lolu hlelo luzoqinisekisa ukuthi abasebenzi bezicishamlilo banezinsiza abazidingayo ukusebenzela kangcono umphakathi.

"Abasebenzi bethu bezicishamlilo yibona abagijima phambili nsuku zonke ezimweni eziphuthumayo ukuze bavikele izimpilo. Lolu hlelo luzobahlinzeka ngengqalasizinda yesimanje abayidingayo ukuze basebenze kahle nangokuphepha," usho kanje.

Isiteshi esakhiwe kabusha sizoklanywa ngendlela ehambisana nemigomo yamanje futhi sizokweseka izidingo ezikhulayo zendawo iJacobs, ekhombise ukukhula ngamandla kule minyaka edlule.

Lolu hlelo luzokwenziwa eminyakeni yezimali emithathu kanti ukuhlelwa nokuklanywa kwalesi sikhungo sekuvele kuhambe isigaba eside, okuyisinyathelo esibalulekile ekuthuthukiseni imisebenzi yokubhekana nezimo eziphuthumayo lube futhi eThekwini.

"Lolu hlelo luzosisiza sikwazi ukusabela ngokushesha nangempumelelo ezimweni eziphuthumayo lube futhi luhlinzeka ngendawo lapho abasebenzi bezicishamlilo bekwazi ukwenza khona umsebenzi wabo ngokuzethemba nangendlela efanele," kusho uMchunu.

reSURGEnce DURBAN
reSURGEnce Durban Conference 2026
24 – 28 OKT 2026 DURBAN EXHIBITION CENTRE
@reSURGEnceConference www.reSURGEnceConference.com
DECREASING BARRIERS BY INCREASING ACCESS

# IMBOKODO IVEZA AMAGALELO WAYO

***OSOMABHIZINISI abangabantu besifazane bayaqhubeka nokutshengisa ukuthi impumelelo kulo mkhakha ayilele kubulili babo, kepha ekuzimiseleni okumele bekwenze nsuku zonke zokusebenza kwamabhizinisi wabo. Alukho nohlobo olukhethekile lwamabhizinisi oluphumelelayo, kudingeka ubuchule bokuhlelwa nokuphathwa kwamabhizinisi kuphela. Kule ngosi yababantu besifazane abenza kahle kwezamabhizinisi iBT News ikuvezela ikhasi ebelifihlekile ngezingqothovu zosomabhizinisi ezivela ezindaweni zasemakhaya nasemalokishini umsebenzi wazo otshengise ukuthi ukwesekana kwabesimame kungenye yezinto ezisemqoka ukuba besimame njengokuka wowonkewonke. Abakwenzayo kukhumbuza bonke abantu nangokubaluleka kokwesekwa kwamabhizinisi asebenzela emiphakathini ukuze kusimame umnotho wendawo, kuphinde kukhuthazeke abantu abasha ngokubaluleka kokusungulwa kwamabhizinisi njengoba izwe lisabhekene nenkinga yokuntuleka kwemisebenzi.***



## Twins Beauty and Hair Salon

Amawele akwaBlose uSthandiwe noSthandwa bazokukhumbuza ukuthi kubaluleke ngani ukuyothola ukuwotawotwa kwi-salon yabo. Nakuba ingxenye enkulu yomsebenzi wabo igxile ekucwaleni izinwele nasekuhlobiseni izinzipho, kepha baphinde benzane izinto zobuhle ezikhethekile njengokubhucungwa komzimba, ukufaka amacici ezindaweni eziyimfihlo, kanye nokususwa koboya umzimba wonke. Bakwenza uzizwe usemusha ngobuchule babo bokuwotawota umzimba.


**Batholakala ku- 079 398 1380 okanye ku- blosesthandwa@gmail.com**





## Zeerh Perfect Glam

Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi esikhathini samanje abantu besimame sebekala ubuhle babo ngendlela ababukeka ngayo. Nakuba abaningi sebedlulele ekugqokeni izingubo zikaNokusho, kepha inqwaba isakholelwa ekutheni ubuso nezinwele zikhuluma lukhulu ngomuntu wesimame. Yingakho wena muntu wesimame, nawe muntu wesilisa ofisa umuntu othandana naye abe nokuzethemba phambi kwabanye abantu besimame, kufanele usondelena neZeerh Perfect Glam uma kunomcimbi okumele uhloniphe isimemo sawo. IZeerh Perfect Glam yenza umuntu wesimame ezizwe njengenkosazana ngendlela abamenza abukeke ngayo kangangoba ngisho izingubo ezigqokiwe azibe sisabaluleka.



**Batholakala ku- 071 809 6658, noma uhlele umhlangano ezinkundleni zokuxhumana.**



## Pink Hill

Umsenko "oconsa co!" njengokusho kwentsha yesimanjemanje into okungamele uqhelelane nayo uma usafuna ukubamba "i-age" njengoba uPinky Mdunge wePink Hill, ekwazi ukuvuselela ubusha bakho ngesitayela sesimanje, ekubeni ekwazi nokuhlonipha labo obafuna umswenko ohambisana neminyaka yabo. Umswenko awenzayo uthandwa kakhulu abantu abasha, kepha uphinde uhambelane nabantu bangemnyaka eyedlule. Le nkampani esebenzela eSea View, ikwenzela konke ofuna ukuba ikwenzele khona ngosuku lwakho olukhethekile. UPinky uthunga ngesifiso sakho ngokulandela ingqikithi yomcimbi oya kuwo.

**Utholakala ku- 082 6821 467 nasezinkundleni zokuxhumana.**



# Uchazwe isiteki oweKZN traditional horse racing

Zolo Millicent Guma

UMENZI Buthelezi onguSihlalo we KZN Traditional Horse racing and Breeding uchazwe isiteki seDundee July yalonyaka nebesesifinyelele kwizi R1 000 000 ngesikhathi somjaho wokugcina nobekuwomkhulu eNdumeni Racecourse ngempelasonto.

Ngokusho kukaButhelezi, lomtelebhelo usukhule kakhulu nokuthi lomjahonuqeda iminyakanengama 21 waqala futhi usuxoshe ikati eziko kwimindeni eminingi.

"Kuthina kusho ukukhula komdlalo uma ngabe kukhona abaxhasi abanye abaqhamukayo ngoba lokho kusho ukuthi baningi abantu abazohlomula kulesisiteki," kubeka uButhelezi.

Uthe intuthuko ikhona kulomjaho kungewona amahhashi kuphela kepha nabagibeli bamahhashi bayahlomula kakhulu ukondla amakhaya.

Onqobe lomjaho, uSiyabonga Mabaso ngehhashi uMpendulo, uhambe emazwini kaButhelezi ethi useganiwe ngenxa yeDundee July.

UMabaso obegibele uMpendulo, oyinqobe esexhugela ngemuva kokukhahlelwa ihhashi ebelingenele lomjaho, kanti uMpendulo ubevikela isicoco asithatha ngonyaka ophelile.



ABETELEBHELA kanje amahhashi kwiDundee July yalonyaka. Isithombe: DSAC

## Amahhashi anqobile yilawa:

**Race 1**

1. Mordel C obegitshelwe uSabelo Mzinyane waseMajuba.
2. Ntathakusa obegitshelwe uSizwe Ntuli waseMajuba.
3. Zinja zikhonkotha obegitshelwe uSeneth Welkom waseMgungundlovu.

**Race 2**

1. Valani imilomo obegitshelwe uNico Nkosi waseMkhanyakude.
2. Nsuku ayifani obegitshelwe uSenzo Zondi waseKing Cetshwayo.
3. Iyiphikile obegitshelwe uMfanukhona Mabaso waseMajuba.

**Race 3**

1. Game over obegitshelwe uSabelo Masondo waseMajuba.
2. Carvella obegitshelwe uNtuthuko Gamede waseZululand.
3. Phalamende obegitshelwe u-Asenami Magugu wasoThukela.

**Race 4**

1. Nxese obegitshelwe uZoso Mabaso waseMajuba.
2. Ukukhuluma akupheli obegitshelwe uMalusi Gamede waseZululand.
3. Phalamende obegitshelwe u-Asenami Magugu wasoThukela.

**Race 5**

1. Susamehlo obegitshelwe u-Asah Ntombela waseMkhanyakude.
2. Phiwayinkosi obegitshelwe uThombi Thabethe waseMajuba
3. Jakalasi obegitshelwe Sukoluhle Thabethe waseMgungundlovu.

**Race 6**

1. Shayizandla obegitshelwe uSnothando Thabethe waseMgungundlovu.
2. Mjolisi obegitshelwe uTshengi Gamede waseMkhanyakude.
3. Umuntu akakholwa obegitshelwe u-Akhona Nkosi waseMajuba.

**Race 7**

1. Ivolovolo obegitshelwe uBhola Sibiya waseMajuba.
2. Shonokuthandayo obegitshelwe uLungisani Mntambo waseMajuba.
3. Ulaka labaphansi obegitshelwe uMzamo Mtshali wasoThukela.

**Race 8**

1. Queen obegitshelwe uNdumiso Mtshali waseGauteng.
2. Izinkulumo obegitshelwe uSthe Gamede waseMzinyathi.
3. Nomathemba obegitshelwe Leitsielo Ramaboella waseGauteng.

**Race 9**

1. Zungeza obegitshelwe uMzamo Mtshali waseMzinyathi.
2. Sibonabenza obegitshelwe Siyabonga Mabaso waseThekwini.
3. Hlaba la banna obegitshelwe u-Ithabeleng Masopha waseLesotho.

**Race 10**

1. Valhalla obegitshelwe uZakhele waseThekwini.
2. Ntomb'eyningi obegitshelwe uSiyabonga waseThekwini.
3. Vulakuvaliwe obegitshelwe uKwakhanya Govelela waseHarry Gwala.

**Race 11**

1. Mbayimbayi obegitshelwe uMelusi Gumede waseZululand.
2. Haeyalala obegitshelwe uLeitsielo Ramaboella waseGauteng.
3. Trouble maker obegitshelwe uDoctor waseMajuba.

**Race 12**

1. Mpendulo obegitshelwe uSiyabonga Mabaso waseMajuba.
2. Khalelani obegitshelwe uDoctor Mbatha waseMajuba.
3. Nsumansumane obegitshelwe uLwazi Nkosi waseMpumalanga.

# U-Ayanda Dlamini usengumqeqeshi omusha kuUlundi United

Zolo Millicent Guma

ULUNDI FC lithule u-Ayanda Dlamini njengomqeqeshi omusha ozothatha izintambo kulesizini entsha yeKZN ABC Motsepe League ka 2026/27 emcimbini obuse Top View Lodge oLundi izolo.

Kulomcimbi bekwethulwa ijezi okuzodlalwa ngalo kulesizini kanye nethimba lezokuqeqesha okuyizinkomba zokukhula kweqembu.

Ngokusho kukaThabani Ntshangase onguSihlalo woLundi FC, uDlamini uzongena ezicathulweni zika ethi bazobambisana kahle naye.

"Siyethemba ukuthi uzosilethela imiphumela emihle ngoba siyafisa ukubona iqembu liyongena kuMotsepe League," kubeka uNtshangase.

Uthe izinhlelo abanazo zeqembu kulesizini ukufaka abadlali abasha abafikile futhi bazokhuluma nomqeqeshi ngesikimu asihlanganisayo okubalwa abadlali abaphumayo nabangenayo.

Kuzokhumbuleka ukuthi uDlamini use wabamba iqhaza emikhulu kuSuthu olumabhesh' ankone njengomqeqeshi weqembu le reserve nalapho wakwazi ukuvukuza ithalente labadlali abavelela kuSuthu okubalwa uSphesihle Maduna nabanye.

UDlamini waphinda waqopha umlando eshaya iKaizer Chiefs okokuqala ngemuva kweminyaka engaphezu kweyi 10 AmaZulu enendlala yokushaya leliqembu ngenkathi eyibamba likamqeqeshi.

Ngokwesitatimemde esikhishwe uLundi United, leliqembu liyakholelwa kakhulu amava kaDlamini nokuqonda kwakhe kabanzi ibhola lakuleli ngokuthi uzogqugquzela abadlali aphinde abambe iqhaza ekufezeni izifiso zaleliqembu enkundleni nangaphandle.

Leliqembu liqede isizini edlule sitting ku position 4 with 40 pts after 22 games lilandela iSummerfield Dynamos eku position 3 with 40 pts, Njampela FC eku position 2 with 50 pts phezulu kwahlala uMvoti FC with 59 pts.



UDlamini usezothatha izintambo kuLundi United.

